Isandhlwana
Dec. 22 1885

Nkosazana,
Namhlanje bengivalelisa ku'mbishopo-
kanti indaba yetu. Uti umbishopo uyabonga
kimi kakulu ngokumsiza kwami engikwenzileyo
kuye ngezinncwajana zake, kaloku kanawo
umsebenzi onjalo; usezauhamba aye eSwazini,
emva kwaloko ahambele eEngland, mhlaumbe
angatanda uba ngimsize kuleyo'nkati. Ngavuma
mina ukuti ngingamsiza inxa ngi kona edube;
kule'nkati ngisaya kiti, ngiyauhlala kumbe 2 months
ngipinde ngize lapa ngemisebenzi yami. Wabuza yena
ukuti izindaba zami zopela nini na? Ngati angazi.
Wati kuhle ngiye ekaya ngitjele inkosazana zonke
izindaba engizizwayo; ngoba indaba leyo yako
newe ngezwe lakwa'Magwaza ipelile nga namuhla,
inkosi uDinuzulu, noNdabuko, noMahanana, nezikulu
zakwa'Zulu batumile umuntu kuye (Bp) bamtjela
ukuti bayamnika leyo'ndawo ahlale afundise kuyo.
Ngengakuyala. "Loko 'kuxotjwa kwetu kwaya ngenxa
ka'Mnyamana eyedwa ngapandhle kwamakosi
amanye, ekwenza loko eti unamandhla, kanti
engenawo eyedwa; watuma uMfunzi nebandhla
lake,— uMfunzi wamisa kona uMubi abe ng'umninilo
lelo'zwe, sixotjwe tina 'bafundisi." Ngahleka. Ngabuza
"uMubi enze-ni ngezwe na?" "O! ahlale kulo nje abe
umnumzana wakona. Kepa namhlanje kupelile ~~ku~~
loko konke. Sengitumile uMr Martyn (a Griqua)
ukuyakungibongela enkosini nakubaNtwana."
Okunye kambe, Nkosazana, siyakukukuluma
ngemilomo ngikulandise konke ukufika kwami.
Nansi enye indaba ebuhlungu engiyizwileyo
namhlanje ku Josias Tshange epete kabi umuzi wakwa'
Zulu engingatanda ukuyifinyelelisa masinyane ku Nkosazana.

Uti uJosias lowo, umuntu womuzi ka'Mbiyana:—

"Sokudhlule 4 months (about Sept: last) ngangi kona kwa'Zulu emzini ka'Mnyamana. Kwabulawa abantu ababili izinsizwa, omunye eng'oka'Zibebu omunye eng'oka'Hamu. Bafika labo bobabili bebotyiwe izandhla zi ngemuva. Balandiswa indaba yonke yokuhamba kwabo ukuti ng'abapi? bavela-pi? Wati omunye "Nging'umuntu ka'Zibebu; ngangitunyiwe ng'uZ. ku'Hamu ukuyakubuza ukuti indawo angayizuza nje yokuhlala kanye naye (uH.) lapo na? Kepa lo omunye ng'umuntu ka'H. opelezela mina ukuba ~~ngim~~ angiqondise kahle indhlela efanelezo." Balanda ngokunjalo bobabili-uMnyamana watumela ku'Dinuzulu ngokuti enze njani ngalabo'bantu na? Wati uD. uMny. Kenze ngokubona kwake. Baqulyiwa-ke labo bobabili bayakubulawa. Sokufikiwe endaweni y abazanbulawelwa kuyo . . . . . . . . . badutyulwa ngezibamu bobabili, ng'abantu bamaswazi ababili aba'zinyanga zokwelapa uDinuzulu. . . Banikwa 2 izinkomo zokugeza. Bahlinzwa (abababulewoyo) bayakwelapa uDinuzulu. Kepa lezo'ndaba ngayiveza ku'Colonel (Cardew)—waloba inncwadi yokubuza ku'Malimati ~~esaba~~ abuze ku'Zibebu iqiniso. Impendulo yangipikisa. Manje iqiniso selivele. Kaloku ngiya kona nokubi (ku'Colonel) ngiyakuveza iqiniso ngoba nabo abakwa'Zulu abebetunyiwe ng'uMnyamana sebavuma. "Angitandi futi ukuba kutiwe nginamanga."

Okuselezo, Nkosazana, kuningi, sokuluma ngemilomo. Ngiyaupuma ngo Christmas lapa ngihambe ngendhlela yase Qudeni—ngitemba ukufinyelela ekaya ngesonto elilandelayo, mhlaumbe 1st or 2nd January. Inkosazana, ngomusa wayo, ingatyela abakiti loko.

Ngise ekona, mNtanenkosi yami,

Mina'muntu wakwenu,

M. Magwaza.

Ngifisa ukuba loko kwokubili ukuhlele kahle ngenhlizeyo ubone ongakwenzayo okufanele wena—